KWAZULU-NATAL PROVINCE
ECONOMIC DEVELOPMENT, TOURISM AND ENVIRONMENTAL AFFAIRS
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

EZEMVELO KZN WILDLIFE
Conservation, Partnerships & Ecotourism

ISIMEMO SOKWENZA IZETHULO EZIBHALIWE NGENQUBO YOKUBAMBA IQHAZA KOMPHAKATHI NGENQUBOMGOMO YESINXEPHEZELO NGOKUSHAYISANA KWABANTU NEZILWANE ZASENDLE

Ababambe iqhaza bayamenywa ukuba benze izethulo ezibhalwe phansi kwiKwaZulu-Natal Nature Conservation Board (Ezemvelo KZN Wildlife).

Iziphakamiso ezibhaliwe zizonikeza ithuba kubantu abanentshisekelo nabathintekayo abangakwazi/abangaphumeleli ukuhambela imihlangano/izingxoxo yababambe iqhaza ezizokwenzeka (mathupha nange-inthanethi) ngezinsuku ezilandelayo 18 May – 26 May 2022.

Izinjongo zeNqubomgomo zigxile ezindabeni ezihlobene nokusebenzelana nezilwane ezidala umonakalo kubantu noma kwizindawo zabantu okuhlanganisa ukunxephezela abantu ngomonakalo odalwe ilezilwane, kanye nezinye izigameko. Lezizinhloso zihlanganisa ukulawulwa kwesinxephezelo somonakalo obangelwa izilwane ezidala umonakalo; ukuqinisekisa izincazelo ezicacile zokuthi iziphi izilwane ezisohlwini lwezilwane ezidala umonakalo; incazelo yemibandela yokukhetha lapho iNqubomgomo isebenza khona nezimo esebenza ngaphansi kwazo; ukubuyekeza umgomo okhona owawusebenza kuphela ezilwaneni ezidala umonakalo ezibuyiselwe kwizindawo ezithize, incazelo yemibandela yobunikazi bezilwane ezidala umonakalo mayelana neNqubomgomo; incazelo ngenqubo yesinxephezelo, imikhawulo nenqubo echaza ukubalwa kwesinxephezelo kanye nokuchaza imibandela esebenza kubanikazi bangasese bezilwane ezidala umonakalo.

Ngaphambi kokuphothulwa kweNqubomgomo Yesinxephezelo, imibono evela kwabathintekayo iyadingeka ukuze kwakhiwe Inqubomgomo Yesinxephezelo yokugcina. Uyamenywa ukuthi ubhalise ngamunye ngamunye, ngokuthinta osayine ngezansi. Lesi isimemo sokwabelana ngemibono yakho, ukuphawula, noma ukuphakamisa izindaba ezihambisana neNqubo Yokubambiqhaza Komphakathi.

Sicela umbono wakho uqondiswe kusixhumanisi esingezansi lapho iziphakamiso ezibhaliwe zizoqondiswa kuNobhala - uNksz Siphesihle Lekokotla.

Email: **Admin@ndvlaw.co.za/Sphe@ndvlaw.co.za**

Isikhathi sesimemo sizosebenza izinsuku eziwu-30 zekhalenda (12 May – 10 June 2022).